## Mina nginawe

Ngezinye izikhathi sonke sifikelwa ukwesaba. Lokhu kuyenzeka noma singabantu abanesibindi noma asebekhulile. Ngezinye izikhathi siyaqwasha ebusuku sikhathazwa okubi okungase kusehlele. Kodwa uNkulunkulu eZwini lakhe usitshela ukuthi asingakhathazeki.

> “Ungesabi, ngokuba mina nginawe;
> ungapheli amandla,
> ngokuba mina nginguNkulunkulu wakho;
> ngiyakuqinisa, futhi ngiyakusiza,
> yebo, ngiyakusekela ngesandla
> sokunene sokulunga kwami.”

U-Isaya 41:10

“Ningabesabi ababulala umzimba bengenamandla okubulala umphefumulo, kepha kakhulu mesabeni onamandla okubhubhisa nomphefumulo nomzimba esihogweni. Akuthengwa yini imizwilili emibili ngendibilishi na? Kepha akuyikuwa phansi namunye kuyo ngaphandle kukaYihlo. Kodwa kini zibaliwe nezinwele zonke zekhanda lenu. Ngakho maningesabi; nina niyayidlula imizwilili eminingi.”

NgokukaMathewu 10:28-31

## IBhayibheli liyasiqinisekisa ngothando lukaNkulunkulu olunokunakekela

> UJehova ungukukhanya kwami
> nensindiso yami;
> ngizakwesaba bani na?
> UJehova uyinqaba yokuphila kwami;
> ngizakuba novalo ngobani na?

AmaHubo 27:1

"Ningesabi, ningabi naluvalo;
angithi ngikuzwisile kusukela endulo,
ngakumemezela, na?
Nina ningofakazi bami.
Kukhona uNkulunkulu ngaphandle
kwami na?
Cha, alikho iDwala; angilazi."

U-Isaya 44:8

## Themba ubuhle bukaNkulunkulu

Jehova, ububele bakho bufinyelela
ezulwini,
nokuthembeka kwakho kuze kube
semafwini.
Ukulunga kwakho kunjengezintaba
ezinkulukazi,
ukwahlulela kwakho kulutwa olukhulu;
usindisa abantu nezilwane, Jehova.
Ububele bakho, Nkulunkulu,
buyigugu elingaka;
abantwana babantu bakhosela
ethunzini lamaphiko akho.
Bayakusutha ngamanoni endlu yakho,
ubaphuzise okomfula wokuthokoza
kwakho.
Ngokuba ukuwe umthombo wokuphila;
ekukhanyeni kwakho siyakubona
ukukhanya.

Mawume umusa wakho kubo
abakwaziyo,
nokulunga kwakho kubo abaqotho
ngenhliziyo.

AmaHubo 36:5-10

***Wonke amavesi acashunwe eBhayibhelini lesiZulu lango 1959/1997.**

Kepha iNkosi ithembekile, eyakuniqinisa, inilondoloze komubi.

2 kwabaseThesalonika 3:3

"UJehova makakubusise, akulondoloze;
uJehova makakhanyise ubuso
bakhe phezu kwakho,
abe nomusa kuwe;
uJehova makaphakamise ubuso
bakhe phezu kwakho,
akuphe ukuthula."

UNumeri 6:24-26

Ishicilelwe yasatshalaliswa
yi-Bible Society of South Africa.
**www.biblesociety.co.za**

BibleSA.co.za
BibleSA
Bibles and audio Bibles are available on the **BibleSA app.**